Eal.14.18C ANC. (General

UKUGCINWA ENATAL KOMKHOSI WOKUDUMISA USUKU-NYANGA

LUKA "JUNE 26."

INDLUNKULU kaCONGRESS e-Goli ithumele isiyalezelo esithuma wonke amalungu nezigaba zonke zikaCongress ukuba zibenemikhosi ehlelelwe ukudumisa lolusuku-nyanga: "June 26."

LUGAGULELWANI lolusuku-nyanga luka "June 26" ukuba luhlonishwe? Yingoba empini yethu yeNkululeko yalesisikhathi samanje amagalelo empini yeNkululeko amaningi enziwa ngalolusuku-nyanga; njengalamagalelo:

NgoSuku-Nyanga June 26, 1950: Kwadutshwa umsebenzi; uCongress ezwakalisa ukusola uHulumeni ngokumisa umthetho okuthiwa ngowokuqeda ubukomanisi.

NgoSuku-nyanga June 26, 1952: Kwaqalwa uMzabalazo woDumo nguCongress; ayefakaza ngawo ukuthi iNdl'emnyama nabanye abangebelungu bathi imithetho yobandlululo kuleliZwe eyiyona abelungu abacindezele ngayo abangebelungu ayiphele.

NgoSuku-nyanga June 26, 1955: Kwaba wusuku lokuqulwa eKliptown, Johannesburg, uMhlangano oMkhulu weNkululeko kaWonkewonke owasungula iNcwadi yeZilokotho zeNkululeko (Freedom Charter).

Empilweni yeSizwe ezinye izinsuku-nyanga zithola ukuba zihlonipheke ngenxa yokuba kwenzeka ngazo izinto ezinkulu empilweni yaso. Kunjalo-ke ngosuku-nyanga June 26 empilweni yethu; njengoba sekulandiwe.

ESIYALELWA UKUBA SIKWENZE NGEZINSUKU ZESONTO ELANDULELA UJUNE 26:

Ezinsukwini zeSonto eliqala ngosuku lweSonto, June 17 kuze kube wusuku lweSonto, June 24, 1956 akube khona okwenziwa yiGatsha ngalinye noma ngamaGatsha abambisene ukumisa iSifunda-Congress (Region). Naku okudinga ukwenziwa:-

1. Imihlangano yokukhuthazana ngoCongress: ukugqugquza ngoCongress, kucelwe iminikelo yesihle.

2. Ukuvakashelwa kwemizi kweshelwa abantu ukuba bajoyine uCongress,

futhi/......

futhi kucelwa iminikelo yesihle.

3. Kumenywe abantu ukuba bavume, basayine iNcwadi yeZilokotho zeNkululeko, i-Freedom Charter.

4. Imihlangano eyenziwayo ayixoxe ngemithetho eyenziwa yiPhalamende nonyaka uCongress asekhiphe ngayo inhlabamkhosi yokuyisola. Nansi:

   1. Ukuphathisa isifazane esiNsundu amapasi;
   2. Ukuchithwa kwaBantu ezindaweni zabo; njengase Charlestown, Newcastle, nezinye izindawo,
   3. UMthetho weMfundo yaBantu neminye engakhunjulwa.

Lemihlangano inganandiswa ngokulanda ngezenzo zodumo empini yokulwela iNkululeko kusukela esikhathini abelungu beqala ukuchiliza abaNtu abaNsundu ngezinsuku kusabusa amakhosi oselwa: oDingane, oHintsa noMshweshwe, kuze kube sekuqanjweni kukaCongress ngo 1912, kuze kube semzabalazweni ka 1950, 1952 no 1955.

Ningalibali ukulanda ngomhlabamkhosi ka 1913 wokulwa ne Land Act, ka 1913 (eyephuca abaNsundu ilungelo lokuthenga umhlabathi).

Ø Lapha culani iculo elaqanjwa nguCaluza: i-Land Act ka 1913.

Lemihlangano inganandiswa futhi ngokuvuma izingoma zeNkululeko.

QAPHELA: Akufundwe incwadi eyiNhlabamkhosi ngalolusuku evela kuMongameli-Jikelele kaCongress.

OKUCELWA SIKWENZE NGOLWESIBILI, JUNE 26, 1956.

Njengoba senizwile usuku oludunyiswayo ngempela ngoluka June 26, ngolwesiBili. Konke ebekwenziwa ngeSonto elandulela elika June 26, 1956, kuyibika-nje lokusifudumezela ukuguba kahle u "June 26, 1956." Akwenziwe lokhu ekhaya noma embuthwaneni wamalungu nabasekeli baka-Congress esigodini ngasinye. Sikhuthaza kakhulu ukuhlangana ko-Mnumzane nomuzi wakhe noma kwemizi eyakheleneyo:-

1. Kusihlwa ngesikhathi sika nayini (9.00p.m.) akuhlangane abekhaya ukwenza esikubiza ngokuthi nguMbuthwano woBudlelwane beNkululeko. Asicabange ngabanye bakaCongress eZweni lonke leNyonyani ngalesisikhathi abobe bebuthene nabo beguba ngobu-Congress njengathi.

Kulemhlangano/........

2. Kulomhlangano woBudlelwane beNkululeko akwenziwe lokhu: Akubaswe umlilo phandle. Ilangabi lalomlilo liyisifanekiso sokuthi uCongress unguMphakamisi weNhlabamkhosi yokukhanya ezweni elinobumnyama obudalwa yimithetho ebandlululayo kaHulumeni.

QAPHELA. Uma ngesizathu esithile kungenakubuthanwa phandle kungungwe umlilo; akubuthanwe endlini ilangabi lesibonakaliso sesikhanyiso seNkululeko lingenziwa ngokubaneka isibani noma yikhandlela endlini engakhanyisiwe kakhulu.

3. a) Akulandwe ngemizamo kaCongress ekulweleni iNkululeko, nangokuzama kwamaKhosi oselwa ukuvikela amazwe awo lapho ehlaselwa ngabelungu.

b) Akunandiswe ngokuvuma amaculo eNkululeko nokusho izibongo zamaQhawe eSizwe esiNsundu.

4. a) Ayiphethwe lenkonzo yobuDlelwane beNkululeko ngokusho amazwi okuzinikelela iNkululeko, kanje:-

> "Ngiyazinikelela iNkululeko, ngiqinisa esidlangaleni ngithi ngoyibamba njalo lempi size sikhululwe sonke esicindezelwe nguHulumeni wabelungu weZwe leNyonyani yoMzansi neAfrika. Ngiyazi ukuthi ngaphandle kokuba siyizabalazele iNkululeko asisoze sayithola."

b) Akuthi kuqedwa ukusho lamazwi okuzinikelela iNkululeko kunikelwe umnikelo wesihle ozophonswa esikhwameni seNkululeko.

QAPHELA. Emva kwalemikhosi oNobala bamaGatsha noma iZifunda-Congress ababike eHhovisi likaCongress EThekwini ngokwenziwe yiGatsha, futhi kuthunyelwe nemali enikelwe.

MAYIBUYE! AFRIKA!

Albert J. Lutuli,
uMongameli wesiFunda-Natal,
AFRICAN NATIONAL CONGRESS.

13th June, 1956.

P.O. GROUTVILLE MISSION.

